NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2024

# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
# ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

Isikhathi: Amahora ama-2½ | Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi ayi-8. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI.
3. Phendula ZOMBILI iziqephu.
4. Izinombolo zezimpendulo zakho mazibe njengasephepheni, UNGAZIGUQULI.
5. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
6. Qala umbuzo omusha ekhasini elisha.
7. Bhala ngokucacileyo nangobunono ukuze kube lula ukumaka umsebenzi wakho.
8. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu esihle.

---

IEB Copyright © 2024

## ISIQEPHU A *IQONDE KUPHI LE NDLELA* – SIKHUMBUZO XABA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 1, 2, 3 no-4.
- Phendula yonke imibuzo.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - ulwazi lwendaba
  - ukwethula umbono wakho uwusekele kahle
  - ukubhala inani lamagama
  - isipelingi esihle
  - ulimi oluhle

## UMBUZO 1

Funda isigaba esicashunwe emdlalweni. Phendula imibuzo engezansi.

| | |
|---|---|
| Zondi: | KK, sizwe ngandlebenye ukuthi wena ukhiqiza imali **yomgunyathi**. Njengoba wazi-ke nawe kuyicala elinzima kabi ukuzenzela imali engekho emthethweni. Umphathisiteshi uthe uma ezwa lezo zinsolo wavele waluthathela phezulu lolu daba. |
| KK: | Ngiyezwa sayitsheni. Impela lembula ingubo lingene. Angikaze ngicabange ukuthi ngingasolelwa ukukhiqiza imali mbumbulu. Abantu abanitshele lokho abangithandi. Banomhobholo wokuthi izinto zami zingihambela kahle. Kodwa-ke, njengoba wazi nawe sayitsheni abaqali ukungisukela. Kukangaki nje ungiphenya ngezinsolo ezahlukene kodwa bungabibikho ubufakazi bazo? |

[Sicashunwe enkundleni 5, esigcawini 6, ekhasini 144]

1.1 Amagama aphelele kaKK: (Khumbulani Khumalo; Khulekani Kheswa; Khumbulani Kheswa) (1)

1.2 Nika elinye igama le***mali yomgunyathi***. Thola impendulo esiqeshini. (1)

1.3 Yibuphi obunye ubugebengu uKK asolwa ngabo? Chaza ngamaphuzu amabili. UNGABHALI AMAPHUZU ASESIQESHINI. (2)

1.4 Ngolwazi lwakho lwendaba ngubani otshele amaphoyisa ngemali yomgunyathi? (1)

1.5 Ungumuntu onjani uKK? Bhala iphuzu elilodwa. (1)

IEB Copyright © 2024

1.6 Funda la mazwi angezansi. Bhala impendulo ezoba ngamagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

| | |
|---|---|
| **Romeo:** | Inkinga ikuphi? Ngabe usaba ukuthi ngiyakukhohlisa uma ngithi ngiyakuthanda, nokuthi ngifuna ukukushada? |

[Sicashunwe enkundleni 5, esigcawini 14, ekhasini 174]

1.6.1 Ukuthandana kukaRomeo noZama kwaba namuphi umthelela empilweni kaMzwakhe nomndeni wakhe? Phendula ngokubhala amaphuzu amathathu. (3)

1.6.2 Ukube wena wawungumngane kaZama wawungameluleka uthini ngalobu budlelwano asezifake kubona noRomeo? (2)

1.6.3 Ngokucabanga kwakho amazwi ashiwo nguRomeo kuZama ayiqiniso? Nika isizathu sempendulo yakho. (2)

- Ulimi nohlelo (1)
- Inani (1)

**[15]**

## UMBUZO 2

Funda lokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo. Bhala impendulo **ngezigaba**. Phendula ngamagama asukela **kwayi-100** kuya **kwayi-120**.

Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Sekela ubhekise kokulandelayo.

2.1 Ukuziphatha **kwabantu besifazane** abalandelayo:

(a) uNomadayimane (1)

(b) u-Ayanda (1)

(c) uPuseletso (2)

(d) uNomonde (3)

(e) uMartha (3)

2.2 Ukusebenza kwamaphoyisa. (3)

Ulimi nohlelo (1)
Inani lamagama nokulibhala. (1)

**[15]**

IEB Copyright © 2024

## UMBUZO 3

Bhala ingxoxo ezoba ngamagama **ayi-130** kuya **kwayi-150**.

UThandi uvakashele uZama emva kokuboshwa kukaMzwakhe. Bhala ingxoxo phakathi kwabo bobabili.



[Isithombe sithathwe ku-<https://www.google.com/url>]

| | |
|---|---|
| Ingqikithi (okusendabeni = 7 nokwakho = 3) | (10) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (2) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |
| | **[15]** |

IEB Copyright © 2024

**UMBUZO 4**

Funda isigaba esingezansi bese ubhala inkulumo kaMzwakhe. Bhala izigaba ezizoba ngamagama **ayi-180** kuya **kwangama-200**.



[Isithombe: shutterstock.com]

Wena unguMzwakhe ufike ejele wafunda, wathola iziqu zakho zokuba ngusonhlalakahle (*social worker*). Manje umenywe ngesinye sezikole ukuba uzokhuluma nabafundi nabazali ngokubaluleka kokuthatha izinqumo ezifanele nokuba ngumuntu oqotho empilweni.

Indaba mayihleleke kanje:

**Isingeniso**

Ukuzethula/ukuzazisa nesizathu sokuba kule ndawo. (2)

**Umzimba**

- Izizathu ezenze wakhetha ubugebengu. (3)
- Indima eyadlalwa ngabantu abadala abahlukahlukene empilweni yakho. (3)
- Umthelela wezinqumo zakho kubantu ababalulekile kuwena. (3)
- Ukukhuliswa kwabantwana neqhaza abazali abangalibamba ekuvikeleni izingane zabo ekwenzeni ubugebengu. (4)
- Xwayisa *(warn)* abafundi ngokuzinikela kakhulu ekuthandeni imali esheshayo nasekwenzeni ubugebengu ukuze ukhombise ukwethembeka kwakho kubantu. (3)

**Isiphetho**

- Gqugquzela abazali nabafundi ngokuba nobudlelwano obuhle, obuvulelekile. (3)

Isakhiwo (1)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[25]**

**Amamaki angama-70**

IEB Copyright © 2024

## ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

- Lesi siqephu sinoMbuzo 5 noMbuzo 6.
- Qala yonke imibuzo yalesi siqephu ekhasini elisha.
- Uzothola amamaki kulokhu okulandelayo:
  - Isakhiwo esifanele
  - Ithoni nerejista efanele
  - Ulimi oluhle
  - Isipelingi esihle
  - Ingqikithi enhle
  - Ikhono lokuziqambela
  - Ukubhala inani lamagama

## UMBUZO 5

Phendula **uMbuzo 5.1** NOMA **uMbuzo 5.2**. Bhala amagama **ayi-150** kuya **kwayi-180**.

5.1 **Umbiko**

Ukungena kobuchwepheshe nokusebenzisa i-AI kuletha ukwesaba nokudideka phakathi kwabafundi nabazali. Wena umele umkhandlu wabafundi-SRC esikoleni sakho, ucelwe nguthishanhloko esikoleni sakho ukuba wenze ucwaningo ohlangothini lwabafundi ngalobu buchwepheshe. Bhala umbiko ozowethula kuthishanhloko wesikole sakho.

**Umbiko wakho mawufake lokhu nokunye:**

- Ubuhle obuhambisana nobuchwepheshe be-AI. (5)
- Ubungozi nezinkinga ezihambisana nalolu hlobo lobuchwepheshe. (5)

Isakhiwo (7)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[20]**

**NOMA**

5.2 **Incwadi yobungane**

Esikoleni sakho niqale uhlelo olusha lokwamukela abafundi abasha bebanga lesi-8 olubizwa nge-*Matric Buddy/Mentee*. Lolu hlelo luhlanganisa ukubhalela umfundi omusha wena ozosondelana naye (*buddy*) incwadi yokumemukela esikoleni esiphakeme. Bhalela umfundi webanga 8 incwadi ukuze ukhombise ukuthi lo mfundi wemukelekile esikoleni sakho.

**Incwadi yakho mayifake okulandelayo nokunye:**

- Ukuzethula nenhloso yakho yokubhala incwadi. (2)
- Imithetho ebalulekile yesikole kanye nezindawo ezibalulekile. (2)
- Imicimbi nemikhosi (*celebrations*) ebalulekile. (2)
- Ezemidlalo namakomidi abafundi. (2)
- Ukubaluleka kokugcina isikhathi ngayo yonke indlela. (2)

Isakhiwo (7)
Ulimi nohlelo (2)
Inani lamagama nokulibhala (1)
**[20]**

IEB Copyright © 2024

## UMBUZO 6

Khetha umbuzo owodwa phakathi **kwa-6.1** NO **6.2** bese uphendula ngokubhala amagama **angama-60** kuya **kwangama-80**.

6.1 **IMEYILI**

NgoMasingane wonyaka ozayo wezi-2025 kuzohlungelwa uhlelo ngqo-*reality show*. Kulolu hlelo kudingeka umuntu okwazi ukusebenzisa umqondo ngokushesha futhi osesimweni esihle kakhulu sempilo. Thumela umyalezo we-*email* kubahleli ukufaka isicelo sakho sokuba yingxenye yalolu hlelo. Khetha uhlelo olulodwa phakathi kwalezi ezingezansi.




**NOMA**




[Izithombe: <www.justwatch.com>]

- Ungubani, ungumuntu onjani?
- Yini enhle nekwenza wehluke kwabanye?
- Indlela yakho yokusebenza ngawedwana kanye neqembu.
- Chaza kabanzi ngamanye ama-*challenges* osuke wabamba iqhaza kuwo.

**Ukwabiwa kwamamaki:**

| | |
|---|---|
| Ingqikithi | (6) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (1) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |

**[10]**

**NOMA**

6.2 **IKHASI LESIKOLE KU-*TWITTER***

Abazali kanye nothisha banihlelele/bahlele umcimbi womdanso kamatikuletsheni. Bhala umlayezo ozongena ekhasini lesikole lakwi-*Twitter.* Kulo mlayezo kumele kuvele imiyalezo evela nakwabanye abantu abawujabulele umyalezo wakho.

**Okubalulekile**

- Indawo nakho konke okuhambisana nokuhlela.
- Enikuthandile nokwenza usuku lwenu lwaba yisimanga.
- Izipho kanye nomculo nendlela enanizizwa ngayo.
- Nokunye.

**Ukwabiwa kwamamaki:**

| | |
|---|---|
| Ingqikithi | (6) |
| Isakhiwo | (2) |
| Ulimi nohlelo | (1) |
| Inani lamagama nokulibhala | (1) |

**[10]**

**Amamaki angama-30**

**Amamaki esewonke: 100**

IEB Copyright © 2024